

ASIEI871-2 -0-8%

B bt e R R e e b bt ot o L A E o R T
00

UMHLANGANO WESIHLANU WOMKHANDLU WESINE WAKWAZULU OSHAYUM=
THETHO Fre e

UMNYANGO KANDUNANKULU

UKUFUNDWA NGOKWESIBILI KOMTHETHOSIVIVINYWA WAKWAZULU OCHI=
BELA UMTHETHO-JIKELELE KA-1987

NGUMHLONISHWA UNDUNANKULU

HTBTT2333333333333BLLLT0233%%3%%
3000220029282 0%%899%%9%2%%

e e e b T b T e Rt

UMHLANGANO WESIHLANU WOMKHANDLU WESINE WAKWAZULU OSHAYUMTHETHO

UMNYANGO KANDUNANKULU

UKUFUNDWA NGOKWESIBILI KOMTHETHOSIVIVINYWA WAKWAZULU OCHI=
BELA UMTHETHO-JIKELELE KA-1987

NGUMHLONISHWA UNDUNANKULU

Mhlonishwa Somlomo

Nakuba sekuchazwe ngokugcweleyo encwadini-sethulo echazayo, ngiyaphinda ngiyakugcizelela ukuthi inhloso esemgqoka yalo-Mthethosivivinywa yikwesula igama elithi "Paramount Chief" elalisetshenziwa ngababusi bethi ezikhathini 2amaKoloni, oku=yigama elafunzwa iNgonyama kaZulu ngemuva kokunqotshwa kwethu. Namagama athi "Chief/Chiefs", "Deputy Chief," "Acting Chief" ngesiNgisi nelithi "Hoofkaptein," "Oppperhoof," "Kaptein" noma "Adjunk Kaptein" ngesiBhunu, kufakwe lamagama endaweni yawo "His Majesty, the King" noma "INGONYAMA" noma "ISILO", "INKOSI YAMAKHOSI" (magondana neNgonyama yamaZulu) nelithi

INKOSI (egameni likaChief) nelithi AMAKHOSI (egameni lika= Chiefs) "ISEKELA LENKOSI" noma "IBAMBELA LENKOSI" (egameni likaDeputy Chief) ne"BAMBABUKHOSI" =(egameni lika-Acting Chief) ngenye inkathi okufingqwa ngokuthi "IBAMBA".

UProfesa Harriet Ngubahe ongomunye bososayensi nezingcwepheshi yolwazi lwamasiko esidalwa esingumuntu (anthropologist) yalezizikhathi zethu, esahlukweni sokuqala sencwadi yakhe lapho ebhala khona nga' "MAZULU ASE-AFRIRA ESENINGIZIMU" (ZULUS OF SOUTHERN AFRICA) (Original People's Series) ekhishwe ngo-1986, uvula ngamagama athi: "ISIZWE ESINCANE SENKOSI" (THE ZULU CLAN). Ngasekupheleni kweminyaka yawo-1700, igama elithi 'Zulu' kwaku= yigama lesizwe esincane sabantu ababalelwa emakhulwini ambalwa ababakhe phakathi kwezinye izizwe ezincane eziningi, njengoba babevele bakhile amakhulu amaningi eminyaka. Yilesi naleso=

sizwe esincane sasiholwa yiNkosi yaso sakhe endaweni yaso.

Ngo-1816,..../2

Ngo-1816, uSenzangakhona, iNkosi yesizwana samaZulu, yakho=thama. Enye yamadodana akhe, uSHAKA wazithathela ubuholi

balesisizwe esincane waphumelela ukuzibeka njengeNkosi yaso.

"Injongo kaShaka kwakuyikuhlanganisa izizwana ezincane azenze isizwe esikhulun ngaphansi kobuholi bakhe. Ukufeza lokhu, wasukela uhlelo lokuvivisa amabutho akhe ngamasu amasha empi wagxilisa kuwo umgqondo wobuqotho nehlonipho nesifiso sokuba yingxenye yesizwe esibanzi kunokuba yisizwe esincane sesigodi esisodwa (clan)... Esikhathini esiyiminyaka eyishumi, abantu

ababeyisizwana esincane samaZulu ababakhe endaweni encane nje,

baguquka babayiSizwe samaZulu. Basabalala nayoyonke . indawo

okwakwakhe kuyo izizwana ezincane ezazinqotshwa nemihlaba eyayi=shiywa yizizwana ezazibaleka". UProfesa Ngubane usebenzisa igama elijwayelekileyo lika-"Chief" lapho ekhuluma ngababusi ababebusa leso naleso sizwana esincane, kepha zonke lezozizwana

zazizimele, kuyileso sibuswa ngumbusi owayaziwa ngesiZulu ngo=

kuthi yi"NKOSI", lIgama elithi "Chief" liyigama elavele lapho=

gelelwa ngababusi bakwamanye amazwe nje phezu kwababusi ababeba=
nqobile. Lokhu kwenziwa eZizweni eziningi eziMnyama eZwenikazi

lase-Afrika. Kwenzeka into efanayo nakubabusi bokudabuka eMelika
raseKhanada, kwenziwa ngabanqobi ababevela kwamanye amazwe phezu

kwama-"Red Indians" aseNyakatho neMelika.

Esinye isifundiswa esisemqoka esingumZulu, uProfesa MAZISI KUNENE,
esingenisweni sombhalo wakhe omkhulukazi awubhale ngeNkosi yShaka
onesihloko esithi: "EMPEROR SHAKA THE GREAT; ubhala uthi:

"Sebebe baningi abaholi nabadidiyeli bamabutho abasemqoka
eZwenikazi lase~Afrika, kepha akekho ongena emicabangweni yomuntu
ajule ukwedlula uSHAKA KA-SENZANGAKHONA. Kusukela ebuthweni
elincane labantu ababalelwa ema-200 ababezinikela nomhlaba, owa=
wuthi nxa uqhathaniswa neminye iMibuso, ungabi ngaphezulu kwesi=
funda esincane nje, uShaka wadala ibutho elesabekayo labantu
ababalelwa ezi-60 000 kuya ezi-70 000 abaviviswe ngezinga eli=

phezulu kakhulu esikhathini esiyiminyaka eyishumi nje kuphela.

Umbuso...../3

Umbuso wakhe wasusabalelele nengxenywe enkulu ye-Afrika ese=
Ningizimu. Izindawo ezazipgekho ngaphansi kombuso wakhe

ngqo, zazingaphansi kwekhwapha lakhe noma zingaphansi kwaba=
didiyeli abase besebenzisa amasu akhe ezempi. Iningi lalaba

badidiyeli bazisungulela eyabo imibuso enamandlaâ\200\235.

Ngenkathi iNgonyama uShaka ehlanganisa izizwe ndawonye wazini=
keza isibongo sakhe sakwa'Zulu' wabeseba yiNgonyama yazozonke
lezizizwe ezincane zabeNguni esezaziwa ngokuthi zingamaZulu
manje, iningi lazo ezaqhubekayo nokuba nengxenywe yokuzimela
kanti ezinye zahlakazeka. UProfesa Kunene uchaza iNgonyama

uShaka njengo"Mbusi Wezinye Izizwe,"

lokhu kusondele ezingeni
iNgonyama uShaka ayesekulo ngenkathi esesiqongweni samandla
akhe. Wayengaphezulu kweNgonyama nje ngoba wayebusa phezu
kwabanye ababusi, yingakho-ke nje uKunene esebenzisa igama

lo'Mbusi Wezinye Izizwe' (Emperor).

Ngaphambi kokuba iNgonyama uShaka anqobe izizwe ezincane ezechlu=

keneyo zabaNguni, lezizizwe zazinababusi abanamandla abafana

noDingiswayo nje wakwaMthethwa, njengoPhungashe wakwaButhelezi, njengoZwide wakwaNdwandwe, uMacingwane waseMachunwini nabanye abaningi, abanye babenezizwe ezincane kunabanye namandla abo ezempi engafani. Ngolimi lwesiZulu bonke lababahusi babaziwa ngokuthi "NGAMAKHOSI". INgonyama uShaka wayebuye aziwe ngokuthi uyiNgonyama yeziNgonyama ngoba wayenqoba nabantu ababenezinga elalilingana nelakhe ngaphambi kokuba abanqgobe abangu'Mbusi' wabo noma 'iNgonyama' phezu kwabobonke. Kuyiqiniso ukuthi leli=gama kalibange lisachuma ngenkathi eseyiNgonyama yawowonke ama=Zulu, okwabe sekusebenza amagama ehlukeneyo afana nokuthi ' "YIZIKHULU; 'AMAKHUNZI' njalonjalo ukuchaza ababusi abehlu=keneyo okwakuthi nala babebusa phezu kweziswe .ezizimeleyo, bemukele ukuba ngaphansi kweNgonyama uShaka ngokupheleleyo. Amanye amaKhosi adalwa ngemuva kokuba iNgomyama uShaka esesu=ngule umbuso wakhe. Amanye aqhubeka nokubusa izizwe zawo, ukubusa kwawo kwangaphazanyiswa, kuphela nje nxa emukela uku=

buswa nguyena njengombusi owengamele sonke iSizwe.

Ngesikhathi..../4

e T,

Ngesikhathi seMpi kaZulu namaNgisi ka=1879, uSir Garnet Wolsely

wabiza umhlangano wawowonke aMakhosi aKwaZulu, ababusi, aBantwana neZikhulu eNhlazatshe. Wabathembisa ukubabuyisela ezingeni zonke izizwe ezincane zabaNguni ezazivele zinalo ngaphambi kokuba zi= nqotshwe. AMakhosi ayishumi nantathu alemukela lelizings eÅlase= livuselelwe kabusha. Kwathiwa kakusafanele ukuba bathobele uku= buswa yiNgonyama kaZulu. Iningi lalabo ababethembekile eNgonyameni uCetshwayo bengaba ukuba bathathwe njengaMAKHOSI azimeleyo ngaphansi kohlelo olusha luka-Sir Garnet Wolsely eNhlazatshe. Laba abayi-

13 abakwemukelayo lokhu babebizwa ngokuthi bangaMakhosi amancane; kanti abanye babebhinqwa ngokubizwa ngamakati enganekwane yama= Ngisi kuthiwa bayi-"Thirteen Kilkeny Cats." Kulapha-ke lapho kusukela khona iphutha zonke izikhundla zamaKhosi (Chieftainships) zadalwa ngabamhlophe, noma okujwayeleke kakhulu, ukuthi zadalwa nguSomtsewu (Sir Theophilus Shepstone). Kuyiqiniso, nokho, ukuthi uSomtsewu zikhona izikhundla zobukhosi azidalayo njengomvuzo aye= vuza ngawo abathile. Kuyiqiniso eligqoshwe phansi emlandweni ukuthi kwakukhona ababusi ababengebona abohlanga abadalwa nguSomtsewu

ngoba ehlose ukuqhuba umgomo wababusi bamaKeloni wokwehlukanisa

abantu ukuze babuseke kalula.

Lokhu kuyizinga imibuso yezizwe ezimhlophe ezazibusa phezu kwa=
i-\201antu abaMnyama eyayibabukela phansi ngalo abantu abaMnyama kanga=
ngoba baze baxaka ababusi bohlanga babetha igama elithi "Chief,"
lokhu bekwenza nala yayingekho into efana nesikhundla okuthiwa
ngese-'Chief' amazweni ababusuka kuwo afana nawoNgilandi nje.
Esikhundleni salokho kwakukhona amagama afana nawo-'Lord',
'Viscoi-\201nt', '"Viceroy', 'Earl' njll. Lamagama kuyakhanya ukuthi
ayengabalungele ababusi bokudabuka ababebusa phezu abantu ababe=
bizwa '"ngezizwe ezingamakhafula" ngaphandle kwezinhloni. lINGonyama
kaZulu yayingakufanele ukuthathwa njengo-King. Yingakho nje
umbhali webhuku lomlando weNgonyams uCetshwayo, u-C.T. Binns
ukhuluma ngaye esihlokweni sebhuku lakhe ngokuthi "yiNgonyama
Yokugcina YeSizwe SaKwaZulu" (The Last Zulu King)". WabayiNgonyama
yokugcina yeSizwe saKwaZulu esizimeleyo, kepha naphezu kokwenqaba

kwemibuso yamaKoloni ukwemukela isikhundla seNgonyama kaZulu,

abantu...../3

abantu baKwaZulu baghubeka bona nokuthatha iNgonyama njenge= Ngonyama yabo.

Omune waBabusi (Governors) wake wakuphimsela ngamazwi avusa amadlingozi lokhu ngesikhathi kubusa iNgonyama uDinuzulu.

Wasola iNgonyama uDinuzulu ngokuthi kayiwashayi mkhuba amandla eNdlovukazi yamaNgisi, wathi kungubuthutha lokho ngoba ukhuluma ngokuthi ulandela emlibeni kaShaka, uDingana, uMpande noCetshwayo, wathi loMbusi:

"Into enjalo kayisenakwenzeka manje. UDinuzulu kufanele azi nawowonke amaZulu kufanele azi ukuthi iNdlu kaShaka iyinto yesikhathi esidlule. IIfile., Ifana namanzi asechi=

theke emhlabathini, Sekubusa iNdlovukazi manje, akekho omune."

U~C.T. Binns, kulombhalo wempilo yeNgonyama uDinuzulu wengeza. ngamagama athi:

"UMbusi lona nguyena owayesemele iNdlovukazi ngakho ezimele

ngokuqinisa amandla aya KwelaKwaZulu..."

Ngenkathi iNgonyama uDinuzulu ebuya eSentelina (St. Helena) lapho ayedingiselwe khona noMntwana uNdabuko (umfowabo kayise) noMntwana uShingana, enye indodana yeNgonyama uMpande, watshenwa ukuthi usebuyele emhlabeni wakhe njengeNduna kaHulumeni.

U-Binns uthi: "Ukubekwa kwakhe njengeNduna kaHulumeni kwakugqi= nisa ukuthi ngaphezu kwemisebenzi yakhe njengeNkosi yeSizwe sasOsuthu, uDinuzulu kwakulindeleke ukuba athathe isikhundla sokuba yisikhulu esisemqoka ngaphansi kukaKhomishani Wesifunda kanti ngenye indlela abeyisifuba seziphathimandla. Ngaleyo= ndlela wayezosebenza ukuxhumanisa uHulumeni nesizwe sakhe sasOsuthu abuye asebenzise isizwe sakhe sasOsuthu ukuxhumanisa uHulumeni nasosonke iSizwe saKwaZulu-jikelele." Lana ngamalu=

ngiselelo ayehlelwe nguâ\200\224-Sir Marshall Clark njengoMbusi waseNatali.

Ngakho...../6

Ngakho ngalesisikhathi iNgonyama kaZulu kayigcinanga nje ngokuthathwa njengalokho okwakuthiwa yi-"tribal Chief," kepha yayithathwa â\200\230"'nanjengeNduna kaHulumeni."â\200\235 Kepha kubantu bakwaZulu akazange abe nangeyodwa yalezizinto, wayelokhu eyi=

Ngonyama yabo nje kwaphela.

Ngisho nendodana yakhe, iNgonyama uSolomon kaDinuzulu wayethathwa njengeChief yesizwe sasOsuthu nje ngokwasemthethweni. Kepha naphezu kwalokhu kweyisa, wayelokhu eyiNgonyama kubobonke abantu bakhe.

Ngase ngiyibhungu nje, ngisanda kungena eminyakeni yeshumi nantathu, ishumi nane, ngenkathi umalume, uMntwana uMshiyeni kaDinuzulu exakwa nguHulumeni ngaleligama lika"Paramount Chief." Ngenkathi umzawami, iNgonyama uCyprian Bhekuzulu kaSolomon, uyise waleNgonyama yethu ekhona ebekwa ngo~1948, wabekwa njengo-

Chief wasOsuthu. Isitifiketi abekwa ngaso sasingasho lutho

olunye. Lokhu kwakusho ukumehlisa ngisho nasesikhundleni sika=

"Paramount Chiefâ\200\235 esasiphethwe nguyise iBamba uMntwana uMshiyeni

kaDinuzulu okwakuyigama isikhundla sakhe esasibizwa ngalo. Kuze kwaba ngo-1951 lapho uHulumeni anikeza khona iNgonyama uCyprian Bhekuzulu kaSolomon igama lika-"PARAMOUNT CHIEF". Kwabaningi bethu lokhu kwakuyuhlobo olungabazekayo nolucasulayo "lokuhlo=nishwa." Ngiyakhumbula nje ngijoyina abanye aBantwana base=Ndlunkulu yaKwaZulu ababeholwa nguMntwana uMshiyeni kaDinuzulu noMntwana uMnyayiza kaNdabuko bephelezela iSilo uCyprian Bheku=zulu kaSolomon eya eMgungundlovu ukuyothokoza kuHulumeni ngokumniÂ® keza igama lika'Paramount Chief'. Lokhu iSilo sasiyokwenza ngokuba . nengxoxo noKhomishani Omkhulu Wezindaba zaboMdabu, uMajor M.L.C. Liefeldt, Kukhona abanye bethu esalwa ngakho konke okusemandleni ethu silwela .ukuba iNgonyama kaZulu yemukelwe njengo"King" ngokwayo, ngakho lolusuku luyingqophamlando noku=nqoba impi ende kimi njengoba ngethula loMthethosivivinywa kuleNdlu okuyiwona ozolingcwaba okokugcina leligama elehlisa

isithunzi lika'Paramount Chief', kanye natana amanye amagama

esawethiwa..../7

esawethiwa ngabaholi bamaKoloni esengiwabale ngenhla.

Loludaba lwaxoxwa emhlanganweni wekhokhasi ezinyangeni ezimbalwa ngaphambi kwalomhlangano woMkhandlu ngoba bengingeke ngikwazi ukuzolwethula kuloMkhandlu Oshayumthetho ukuba bekungekho ukuvumelana kwemiqondo emalungeni akuleNdlu â\200\230ngokuba siwa=ngcwabe khona manje wonke lamagama esawethiwa .ngababusi bezinye izizwe njengoba sinamandla okukwenza lokho ngokomthetho. Ngiyazi ukuthi kusazothatha isikhathi ngaphambi kokuba ashabalale nje=ngoba sekucisho kuhlangane iminyaka engamakhulu amabili nje eses=tshenziswa.

Ngikhumbula ukuthi ngenkathi loludaba luxoxwa kukhokhasi, kwaba=khona imibuzo yokuthi liyohunyushwa lithiweni leligama elithi 'INKOSI' nxa kukhulunywa ngababusi bohlanga ababizwa ngama-"CHIEFS" njengamanje ukulehlukanisa kulelo elithi King noma

kusetshenziswe elithi Kinglet. Ngokucacisa ukuthi kangiboni

nkinga ekusebenziseni igama elifanayo elithi 'INKOSI' noma

'AMAKHOSI' noma ngabe umuntu usebenzisa isiNgisi, isiBhunu noma isiZulu. Sengilihambe kakhulu elase-Afrika ngawufunda nomlando othile we-Afrika. Ngo-Okthoba ka-1976, ngangiyisihambeli sika=Hulumeni waseNigeria eLagos. Ngaphambi kokuba ngibuyele ekhaya

labo ngangiyisihambeli sabo bangembesa izingubo ze~00BA, i-OBA

ngumbusi waseNigeria wokudabuka onesikhundla esilingana nalokhu obekwaziwa ngokuthi yi-'Paramount Chief' e-Afrika eseNingizimu.

Ababusi bezinye izizwe babelisebenzisa ithuba lckubehlisa isi=thunzi ababusi bokudabuka noma .yikuphi lapho babenamakoloni khona. Kukaningi ngihambela iNgwenyama yamaSwazi ngaphambi kokuba elaseSwazini lifumane inkululeko, nakhona iNgwenyama yakhona uHulumeni wamaNgisi wayeyibiza ngo'Paramount Chief' ngokomthetho, njengoba kwakwenzeka naseNgonyameni yaseLesotho. Bobabili: baqala ukwaziwa njengo-King ngokomthetho ngemuva kokuba amazwe abo esefumene inkululeko. Thina lapha KwaZulu kasisoze. .aye= mukela "inkululeko" kepha iNgonyama yethu ingu-King noma ngabe elaKwaZulu likhululekile noma kalikhululekile. Selokhu kwathi

nhlo..../a

nhlo siyithatha kanjalo thina ngakho siyathokoza ukuba sibe
sesimoni enkwligeda ngokemthetho leligame elithi-~Paramount
Chief .

Ngifisa ukuqhubeka ngisho ukuthi amagama okubizwa ngawo izi=
khundla zababusi abaningi abangama~Afrika e-Afrika akazange
ahunyushelwe esiNgisini, ngakho asasetshenziswa ngolimi lomdabu
namanje. Ngingalinganisa nje ngokuthi iNgonyama kwelaseGhana
yaziwa ngokuthi-ASANTEHENE, njengoba kuthiwa ngu-ASANTEHENE
Prempeli II (wesibili), EZambia kukhona iNgonyama yeSizwe
samalLozi eyaziwa ngokuthi LITUNGA nebizwa ngalelogama kuze kube
yimanje.

Ngenkathi ngiseNigeria ngo-1976 ngahambela i-EMIR yase-ZARIA,

omunye umbusi wokudabuka owangemukela ngobukhosi nenhlomniph

wangembesa ngezingubo ze-EMIR ngoba ehlonipha isikhundla nezinga
lami njengombusi waKwaZulu wokudabuka. Ngenkathi umbuso wase=
Nigeria uketulwa okokuqala, omunye wababusi bokudabuka owayenas=
mandla amakhulu owabulawa kulokho kuketulwa kokuqala kombuso
ngemuva kwenkululeko kwaba yi-SARDAUNA yase-SOKOTO. Nala abanye

abantu â\200\230'basebenzisa igama elithi yi-SULTAN ngenye inkathi, wayas
ziwa ngeleligama le-SARDAUNA yase-SOKOTO. Bonke lababausi basezis=
ngxenyeni ezehlukeneyo ze-Afrika babebizwa ngezikhundla zabo
zangokomthetho ngezilimi zakubo zokudabuka, noma ngabe umuntu
ukhuluma ngolimi lwabo noma ngesiNgiss Ngakho kangilindele
nkinga ekusebenziseni igama elithi "Inkosi" esikhundleni sika-

"Chief" noma ngabe umuntu ukhuluma isiNgisi, isiZulu noma isi=

Bhunu. Ngendlela efanayo nje njengoba singakaze silihumushe
igama elithi "INGONYAMA" sithi "LION" noma 'ISILO' sithi 'LEOPARDâ\200\231'.

Lamagama siwasebenzisa ngesiZulu noma ngabe sikhuluma isiZulu

noma sikhuluma isiNgisi noma isiBhunu. Kakufanele-ke kubenenkinga
ekusebenziseni igama elithi "INKOSI YAMAKHOSI" eNgonyama nxa
umuntu efisa ukusebenzisa lelogama, noma ngabe umuntu ukhuluma
isiZulu, isiNgisi noma isiBhunu, njengoba nje ingekho inkinga

ekusebenziseni igama elithi INGONYAMA, ISILO ngesiZulu noma ngabe

umuntu...../9

umuntu usebenzisa luphi ulimi. EBophuthatswana naseLebowa igama elithi "Chief" sekuneminyaka embalwa bawalahla, bafaka esikhundleni salo igama elithi 'Kgosi' kubobonke labo ababaziwa njengama-"Chiefs" ngaphambili, Igama elithi KGOSI lisetshe=

nziswa poma ngabe umuntu ukhuluma isiTswana noma isiPedi.

Ama-Angoni aseMalawi, okungamaZulu aseMalawi, njengoba bengabantu abasuka lapha KwaZulu beholwa nguZwangendaba, anombusi wawo woku= dabuka engamhambelayo ngihamba neNdlunkulu, umkami, ngo-1971,. Ubizwa ngokUCHiâ\200\230"INKOSI YAMAKHOSI MBELWA II". Ngiyethemba ukuthi lencazelo ende ethinta izindawo eziningi e-Afrika izobusisa labo abakhungethwe ngumgqondo wokuthi wonke amagama ezikhundla zase-Afrika adinga ukuhunyushelwa ezilimini zakwamanye amazwe ngisho noma abantu abakhuluma lezozilimi bengenazo izikhundla ezifana

ncimishi nalezi zethu.

Ukuze ngikhombise ukuthi lamagama akasho yona into efanayo nalawo esiZulu aqhathaniswa nawo, umuntu angase akhulume ngegama lesis=

Bhunu elithi "KAPTEIN" okuyigama elisho iNduna nxa lihunyushwa

njengoba linjalo emqondweni elisetshenziswa kuwo. Isikhundla

se "NKOSI' nese'NDUNA' ziyizikhundla ezingafaniyo nakancane. Bekukhulunywa nge"NKOSI YOHLANGA", "INKOSI YAMAKHOSI" noma"INKOSI YAMABANDLA ONKE" ukwehlukana phakathi kweNgonyama nababusi bokudabuka ababusa izizwe ezincane ezingaphansi koMbuso we=Ngonyama. Kakukho lutho oludidayo kulokhu. Ngakho kasikho

isidingo sokuba abantu badale ubutha phakathi kwe'"Ngonyama"

na"Makhosi" eMbuysweni weNgonyama ngokuzama ukudala isithombe

sokuthi kukhona lapho umehluko ufiphala khona phakathi kweNgonyama neNkosi yeSifunda noma, nxa ngingalinganisa nje, INkosi YeSizwe SaMaQadi njll. nxa kukhulunywa ngababusi bakithi bokudabuka njengaMAKHOSI. Ngisakhumbula ngiseyingane ukuthi abanye abantu babethi nxa bekhuleka kubaba, iNkosi uMathole, bafake negama

elithi "NKOSI YASENDLUNKULU". Abantu abadala nami babengikhu=

lekela ngalawomagama eminyakeni yawo-1950 nawo-~1960.

Sinxusa...../190

_Io-

Sinxusa abamele izinhlelo zckusakaza izindaba ukuba bazigaphele
lezizinguquko esizenzayo ebesezidlulelwe yisikhathi nokuba ba=

zemukele bezisebenzise. Amanye amaphephandaba, abona khona uku=

ngahambisani kwegama elithi "Chief"â\200\235 nezikhundla zaMakhosi,
abesebhinga ababusi bokudabuka ngokubabiza ngo-"SHIFU", "OSHIVI",
"OFISHI" njll. Ingani phela ngokujwayelekileyo abantu babiza

noma ngubani nje ophetheyo, ngisho nasebholeni lezinyawo noma
i-rugby ngokuthi ngu-Kapteni. Abantu ngenye inkathi bathopha
noma ngubani nje obaphetheyo ngisho' nasemsebenzini ngokuthi
nguChief" njengokuthi nje "Chief Clerkâ\204ç, "Chief Matron" kanti
leligama libuye lisetshenziswe ngokutekula nje nxa kukhulunywa
noma yingobani noma yini nje eqinisweni. Nala laliyigama elali=
qonde ukusetshenziselwa ukuhlonipha abanye balisebenzisela ukuji=

vaza.

Mhlonishwa Somlomo, ngicabanga ukuthi sengilucacise ngayoyonke

indlela engingalucacisa ngayo loludaba, magqondana nomlando

walamagama ezikhundla, nokuyisona sisusa sokuba sifune ukuwa=

geda siwangcwabe njengengxenywe enganambithekiyo yomlando woku=
nqotshwa kwethu nowezikhathi zethu sisabuswa ngababusi bamaKoloni.
Ezinye izindawo eNingizimu ne-Afrika kade zawadicilela phansi

lamagama, singawayekelani pho thina.
Ngicabanga ukuthi sengizocela-ke manje, Mhlonishwa, ukuba

ungivumele ngiphakamise ukuba loMthethosivivinywa ufundwe
ngokwesibili.

----- 000 == ==~

